

BAMISIWE EMSEBENZINI ABAPHATHI ABAYINHLOKO NGESIKHATHI KUSAPHENYWA

Pretoria, 31 kuNtulikazi 2019 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lumise abaphathi abayinhloko emsebenzini ngesikhathi kusaphenywa lwaphinda lwelula isikhathi sokumiswa komunye umphathi namuhla mhla zingama-31 kuNtulikazi 2019, ngenkathi kusalindwe kuphothulwe inqubo yokufundiswa kwezigwegwe mayelana nezinsolo zokungaziphathi kahle.

Labo baPhathi yilaba:

- Mnu Hlengani Mathebula, uMphathi Oyinhloko: *Governance, International Relations, Strategy and Communications*
- Mnu Teboho Mokoena, uMphathi Oyinhloko: *Human Capital & Development*
- Mnu Luther Lebelo, Umphathi wesiGungu: *Employee Relations*

Lokhu kuyingxenye yenqubo eqhubekayo yokubukezwa kwabo bonke ubuholi bakwa-SARS okwenziwa nguKhomishana ngokokubusa okuhle, nangenxa yombiko ovela kuKhomishana yoPhenyo ephenya ngokuSingathwa kweNtela nokuPhatha kwa-SARS, owaziwa nge-“*Nugent Report*”.

Ukumiswa ngesikhathi kusaphenywa kuqala kusukela manje. Kumele sikugcizelele ukuthi lokhu kumiswa okwangesikhathi kusaphenywa akusho ukuthi sekuyisinqumo sokuthile okungalungile abakwenzile. Isinqumo ngalokhu sizophuma uma sekuphothulwe le nqubo. Abakwa-SARS bacela ukuthi kuhlonishwe abantu abathintekayo kuphinde kuhlonishwe nobumfihlo phakathi komqashi nomqashwa. Abakwa-SARS angeke baphinde baphawule ngalolu daba kuze kube ukuthi luyaphothulwa.